– ISIZULU –



Undicosho

Undicosho noma umbendeni (Anthrax) isifo esithathelanayo kakhulu sezilwane ezifuyiwe nezasendle esingathelela abantu

- Izilwane zifa ngokuzuma zingatshengisanga izimpawu zokugula.
- Kepha kunekhambi elinamandla lokuvikela lesisifo.
- Ukuphathwa ngendlela kwengcuba nako kuyavikela ekwandeni kwalesisifo.

Iyini imbangela kandicosho?

Lesisifo sibangwa I bhakthiriya ebizwa ngokuthiwa yi *Bacillus anthracis.* Uma izilwane zibulawa undicosho ikakhulukazi uma izidumbu zazo zihlinziwe zavuleka, izinhlamvu ezinenkani ziyakheka kanti zingaphila emhlabathini iminyaka. Amaconsi asagazi emakhaleni, emlonyeni,emdidini, esikhumbeni, ethanjeni nakwezinye izicubu kubalulekile ekufafazekweni kwaleligciwane.

Imithuthambi, amanqe ngisho nezimpukane zibamba iqhaza elikhulu ekusakazeni lezinhlamvu ezinenkani. Amanzi ahambayo nawo angasabalalisa lezinhlamvu emachibini adale ukuthelelana okuqoqekile kwezinye izindawo.

Lesifo sitholakala ngokuphuza amanzi anegciwane, ukwaluka otshanini obuthelelekile noma uma izilwane zikhotha izikhumba ezithelelekile, amathambo, igazi noma izidumbu zezilwane.

agriculture
uMnyango
wezoLimo
IRIPHABHLIKI YENINGIZIMU AFRIKA

Ziyini izimpawu zikandicosho?

- Izilwane zifa ngokuzuma ngaphansi kwamahora amabili zingakhombisanga izimpawu zokugula.
- Umkhuhlane (imfiva).
- Inkinga yokuphefumula.
- Ukuvevezela kwemithambo nokuba bomvana kwamafinyila kungabonakala.
- Amanzi anegazi aphuma emakhaleni, emlonyeni nasemdidi.
- Izinkinga esezidlulele kungaba ukuvuvukala komqala nomphimbo. Lokhu kungadala izinkinga zokuphefumula nenkinga yokugwinya.

Ingabonwa kanjani inkinga kandicosho?

Undicosho ungabonwa ngokucutshungulwa ngomasikilobhu ukusindeka kwegazi. Thintana nodokotela wakho wezilwane oseduze noma umphathi wezempilo ngalokhu.

Ungalinge uvule noma udle ingcuba yesilwane evele yafa esikhaleni!!

Abantu basithola kanjani lesisifo?

- Ukuthintana ngqo nezilwane eziphathekayo noma ukudla okubuya ezilwaneni.
- Ukuphefumula umhlabathi onezinhlamvu.

Nakuba abantu begula kuphela ngokwesikhumba kulesisifo, abantu bangafa nokufa ngenxa yalesisifo.

Uma undicosho esolakala ingcuba akumelanga iphathwe ngezandla, ivulwe noma idliwe!!

Ingabe abantu nezilwane bangalashelwa lesisifo?

- Izilwane zijwayele ukufa ngaphambi kokuba igciwane libonakale noma izilwane zilashwe.
- Abantu nezilwane ezingatheleleki kalula ezifana nezingulube, izinja namahhashi bangalashwa ngezibiba ezingamaphilisi.
- **Thintana nodokotela wakho uma undicosho esolakala.**

Ukunqandwa noma ukuphathwa kukandicosho



Izilwane

- Goma noma ugcabe izilwane unyaka nonyaka ukuze uzivikele kundicosho.
- Ungazivuli izingcuba zezilwane uma kusolakala ukuthi zibulewe undicosho.
- Ngcwaba izingcuba zezilwane ukushona okungenani l 2 metres uphinde uthele kancane emhlabathini l chloride yelime.
- Izingcuba zezilwane zingashiswa ngaphandle kokuthi zivulwe
- Bika ukufa okusolekayo ngokushesha kubaphathi bezempilo abaseduze noma kudokotela wezilwane.
- Udokotela kahulumeni wezilwane angalawula izindlela zokukhipha igciwane emagcekeni, ezimotweni zokuthutha nokunye.

Undicosho angavimbeleka ngensebenziswano yomlimi nomlimi!!

Abantu

- Ingcuba yesilwane esiphathekayo akumelanga neze idliwe.
- Ungathintani ngqo nengcuba yesilwane okusolakala ukuthi sibulawe undicosho. Gqoka njalo izimpahla ezivikelekile makugqitshwa ingcuba noma ishiswa.

Ngolwazi olugcwele thintana nodokotela wezilwane kahulumeni noma umphathi wezilwane

Noma i

Directorate Animal Health
Private Bag X138, Pretoria 0001
Tel: 012 319 7452
Cell: 086 695 0240
Fax: 012 319 7551

Noma i

Resource Centre
Department of Agriculture
Tel: 012 319 7141 or 012 319 7085

Losomqulu uyatholakala ku: *www.nda.agric.za/publications*

2007

Ididiyelwe yi
Directorate Agricultural Information Services, Department of Agriculture
ngokusebenzisana ne
Directorate Animal Health

Ikhiqizwe yi
Department of Agriculture

Kanti itholakala ku
Resource Centre, Directorate Agricultural Information Services
Private Bag X144, Pretoria, 0001 South Africa